ISOLEZWE, 27/01/2017, page 4



# Lidume ladlula nomphefumulo izulu

**ZANELE MTHETHWA**

KUSHONE owesifazane eshaywa umphezulu, kwafa nemfuyo ezigamekweni ezahlukene KwaZulu-Natal kuhlasela ukuduma kwezulu okunamandla ngoLwesibili.

UNkk Phikelele Ndimande (51) wakwaNomyele, eBhamshela, ushaywe umphezulu phambi kwezingane zakhe nabazukulu.

UMnuz Thabani Ndimande omgumfowabo womyeni kamufi, uthe ubehleli ecansini ezungezwe ngabazukulu abathathu, ezinye izingane zihleli kusofa.

"Kushaye umbani kwabonakala indilinga ingena ngewindi, umakoti (uNkk Ndimande) wandiza wanamathela odongeni. Izingane zimphuthumile zithi ziyombamba wawa, waqhwisha," echaza.

Uthe umufi uphuthunyiswe enyangeni esadlikiza kodwa yathi iyehluleka base bemyisa esibhedlela lapho eshonele khona.

Abazukulu abathathu nabo bayiswe esibhedlela balashwa bededelwa.

"Izingane ezibone lesi sigameko zihlukumezekile. Sifisa nokuthi zilulekwe ngokomqondo. Kunzima ezinganeni zakhe esezisele zodwa nomkhulu oneminyaka engu-90," kusho uNdimande.

Uthe umphezulu awuqali ukushiya umonakalo kule ndawo njengoba eminyakeni emibili edlule kwashona amalungu amathathu omndeni owodwa, kwasha nomunye umuzi.



**IMFUYO kaMnuz Velaphi Mkhize waseMontebello eNdwedwe eshaywe umphezulu ngoLwesibili** Isithombe: SITHUNYELWE

Kwesinye isehlakalo khona kule ndawo, umphezulu uqothe imfuyo yomlimi waseMontebello, eNdwedwe. Kufe izinkomo eziyisithupha nehhashi. UMnuz Velaphi Mkhize uthe ufe olwembiza njengoba eziphilisa ngayo imfuyo.

"Izulu laduma isikhashana imfuyo ingakabuyi emadlelweni. Ngathumela umfana ukuthi ayoyilanda seliphenyile wafica sekukhona ezifile. Benginezinkomo ezingu-36, kwezifile kukhona nezinkomazi ebengizozidayisa esidlangalaleni ngesonto elizayo," echaza.

Uthe ulahlekelwe uR56 000 kulesi sigameko esilimaze ibhizinisi. Okhulumela amaphoyisa esifundazweni uLieutenant-Colonel Thulani Zwane uthe sibikiwe isigameko sokufa kwemfuyo emaphoyiseni aseHarburg.

*Isolezwe* lithole ukuthi kukhona nonesi wasesibhedlela eMontebello osindile kuleli zulu walaliswa esibhedlela eVictoria oThongathi kodwa engatholakalanga imininingwane yakhe.

UNkk Thembi Masinga oyikhansela ku-Ward 9 eNdwedwe, uthe uwutholile umbiko asazowudlulisela ophikweni olubhekene nokusiza abathintwe yizinhlekelele

Uthe uzwile nangonesi kodwa akanayo imininingwane egcwele.

Okhulumela uMnyango wezokuBusa ngokuBambisana uMnuz Msawakhe Mayisela uthe luyaqhubeka uhlelo lokufaka izigxobo ezivika umphezulu, olugxile ezindaweni ezisemakhaya. Uthe banxenxa nosomabhizinisi ukuthi balekelele kulolu hlelo ukuze lusheshe.